## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

## ISIQESHANA A

1.1 Indaba yokuthi uManyoba usezohola kangcono ngoba usekhushulelwe esikhundleni.√ (1)

1.2 Babesichitha ngokucula.√/Kwakuxoxwa ngezintombi ababezishiye emakhaya.√/Kwakuxoxwa ngokukade kwenzeka ngoKhisimuzi.√ (1)

1.3
- Omaqandakawayiba√
- Ompevu √ (2)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Amadolobha aseduzane naseMsinga mancane ngobukhulu√√/ amathuba omsebenzi ayivelakancane√√/
- Izinsizwa ezazisebenza emadolobheni amakhulu zazihola kangcono. Lokhu kwakwenza ukuba lezo zasemadolobheni amancane zihalele ukuyosebenza emadolobheni amakhulu. √√/
- Izinsizwa ezazisebenza eThekwini noma eGoli zazihlonishwa ngoba zazigqoka kahle kakhulu. √√ (4)

1.5 C√/ukuqhudelana√ (1)

1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Weqa epulazini wayohlala eGoli ehositela, lokhu kwamlethela izinselelo eziningi.√/
- Udweshu oluningi empilweni yakhe luvela ngesikhathi esesebenza eGoli.√/
- Ukuthola kwakhe umsebenzi ongcono eGoli, kwamenza ukuthi akwazi ukulobola, aganwe, akhulise abuye afundise nezingane zakhe.√/
- Uma esekhulile engasakwazi ukusebenza, kusuka udweshu, izingane zakhe zingasakwazi ukumondla.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.7 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UManyoba usekwazi ukufunda naye abuye afundise izingane zakhe.√/
- Amadolobha asethuthukile. Abantu sebeyakwazi ukuyofuna umsebenzi.√/
- Sibuye sithole izitimela, amahositela, amafemu, imizi yesilungu nokunye eGoli okufakazela ukuthi isikhathi samanje.√/
- Sithola nemizi yesilungu eThekwini okuhlala kuyona enye yezingane zikaManyoba.√/
- Ekuwineni kwabo iLotho, bakhokhelwa ngesheke.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

1.8 Usisebenzise kahle ngoba ugcizelela ukuthi izinsizwa zazicula kahle kakhulu√√/zazinamazwi amahle√√/zazinamaphimbo amnandi njengemizwilili√√/zazingamagagu.√√ (2)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngangingancenga umama ukuba angaqhubeki nokuhlukumeza ugogo.√/
- Ngangiyocela ubaba ukuba amkhuze umama.√/
- Ngangingacela omalume ukuba bangenelele.√/
- Ngangiyobikela abezenhlalakahle.√/
- Zingene izindaba zabantu abadala.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi kuphela nje uma kwesekeleka ngokwakhayo.) (2)

1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Ngiyavumelana

- Wakhushulelwa esikhundleni emsebenzini.√/
- Wasizwa umlungu othile kade elinyazwe izigebengu.√/
- Wawina iLotto. √/
- Wafunda ngempumelelo esemdala eGoli. √/
- Wazuza izincwadi zokushayela.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.11 UManyoba nendoda ayehamba nayo bagibela imoto yezigebengu. Izigebengu zabakhiphela imimese zibafuna imali. Zabashaya, zabashiya zicabanga ukuthi bafile.√√ (2)

1.12
1.12.1 D√/Isithakazelo sakwaMchunu.√
1.12.2 A√/Ulanywa nguLukhoso.√
1.12.3 B√/Wayenamapulazi amaningana.√
1.12.4 C√/Wayenamakhosikazi amabili. √ (4)

1.13 OKUKODWA kwalokhu:

- Kwaphepha izimpilo zabo.√√/
- Wabayisa esibhedlela ukuze bathole ukwelashwa.√√ (2)

1.14 OKUKODWA kwalokhu: Ukuveza ukuthi:

- Kuyingozi ukuhamba indawo ende sekuhlwile√ ngoba ungahlangabezana nezigebengu, zikulimaze.√/
- Ungabathembi kalula abantu ongabazi√ ngoba ubugebengu sebandile namuhla.√/
- Uma sewuhlwelwe, ungagibeli izimoto ezingezona izithuthi zomphakathi ezaziwayo nezisemthethweni√ ngoba kungaba nzima ukubona ezezigebengu.√/
- Kubalulekile ukusiza umuntu osuke elimele√ ngoba uyamsindisa ekufeni/uyasinda ekufeni. √
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.15

- Wayezimisele ngokubathatha bobabili ahlale nabo kwakhe, babondle.√
- Wasola umyeni wakhe uMduduzi ngukungababandakanyi engxoxweni lapho bathatha khona isinqumo sokubehlukanisa.√ (2)

1.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Isiphetho siveza ukuxazululeka kwenkinga ekade ibhekene nomlingiswa omkhulu, okunguManyoba.√/
- Sishiye imibuzo ethile engaphendulekile kubafundi njengokuthi baba njani ubudlelwane phakathi kukaManyoba namadodana akhe emveni kwesigameko sokwabiwa kwefa nokunye.√/
- Kukhona ingwijikhwebu, uManyoba waba ifa elabela abazukulu esikhundleni sokunika abantabakhe.√/
- Ishiya isifundo esithile kubafundi sokuthi kubalulekile ukuhlonipha nokuphatha kahle abazali bakho.√/
- Isiphetho sakhe sigoqa/sisonga konke obekwenzeka endabeni. UManyoba wabela abazukulu ifa lakhe, ushiya ngaphandle amadodana akhe ngenxa yokumphatha kabi. √ (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA C**

2.1 UZenze.√ (1)

2.2 Okukodwa kwalokhu:

- Wayesaba umlisa owayehamba noTholakele.√/
- Wabona uTholakele ehamba nomunye umuntu wesilisa. √ (1)

2.3 Okubili kwalokhu:

- Wayeqashe kwakhe. √/
- Babenza naye ubugebengu.√/
- Babezwana ngoba wayesemthatha njengoyise.√/
- Babengabangani.√ (2)

2.4 Okukodwa kwalokhu:

- Wayefuna ukumeshela.√√/
- Wayefuna ukumtshela ukuthi uyamthanda.√√/
- Wayefuna ukuxoxa naye. √√ (2)

2.5 Okubili kwalokhu:

- Ukuthi sebembonile. √/
- Ukuthi bafuna ukumxosha. √/
- Kokunye le ndoda iyolanda isikhali manje √ (2)

2.6 B√ /ukuhamba kancane√ (1)

2.7 Okukodwa kwalokhu:

- Uthe evusa ikhanda wabona uTholakele emqhweba.√√
- Uthe ebona wayesalela manje uTholakele. √√ (2)

2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ukuhlushwa kwakhe amaphupho kwakhula.√/
- Wadutshwa umalume wakhe.√/
- Othisha bambhinqa.√/
- Wehlelwa isithunzi emphakathini.√/
- Impilo yakhe yaba sengozini ngesikhathi ehlaselwa uBhatomu.√/
- Walahlekelwa imali eningi elobola uTholakele.√/
- Baxabana nonina ngoba bengaboni ngaso linye.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Indaba yenzeka enkathini yamanje sekunemijondolo. UTholakele uhlala eNyawushane okuyindawo eyimijondolo.√/
- Kwande ubugebengu njengoba uBhekani eqolwa uZenze imali yakhe.√/
- Kwande izidakamizwa nemali yomgunyathi eyayijwayele ukuphathwa uPamella.√/
- Umlungu usekwazi ukuvakasha, alale endaweni yabaMnyama. √
- Ezokuthutha zitholakala kalula, uBhekani watholana noTholakele esitobhini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

2.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Kwakufanele ngoba:

- UTholakele wayemuhle.√/
- UTholakele wayeme kahle emzimbeni.√/
- Wayegqoke izingubo ezimfishane.√/
- Wabona sengathi uTholakele unobuntu ngoba wamcoshela iduku lakhe. √

**NOMA**

Kwakungafanele ngoba:

- Wayengakamazi kahle.√/
- Wayezilile.√/
- Wayengayazi imvelaphi yakhe.√/
- Kwakumele azithibe angavumeli ukulawulwa imizwa yakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

2.11 Imibono iyokwehlukana.
**NGANGIYOVUMA NGOBA**: OKUKODWA kwalokhu.

- Ingane kadadewethu ongasenaye uyise.√√/
- Kwakuyisifiso sakhe ukushada umuntu amthandayo.√√/
- Ngenzela ukugcina umndeni uzwana.√√

**NOMA**

**NGANGINGEVUME NGOBA**: OKUKODWA kwalokhu.

- Ngoba ngabe sengizwe ngesimilo sikaTholakele esibi.√√/
- Ngangizosaba ukuthela umndeni ngehlazo.√√/
- Imvelaphi yakhe angiyazi.√√/
- Mdala kunoBhekani.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.12 Othisha babembhinqa ngegama lomfelokazi. Babecasulwa ubudlelwane ayenabo noTholakele. √√ (2)

2.13 2.13.1 B√ /ULindiwe√
2.13.2 A√ /UPamella√
2.13.3 D√ /UTholakele√
2.13.4 C√ /UBhekani√ (4)

2.14 Baboshwa, uTholakele wangabe esashada. √√ (2)

2.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.

- Kubalulekile ukulalela uma abantu bekuxwayisa ngomuntu.√ UBhekani akalalelanga ngesikhathi uSfiso emxwayisa ngoTholakele.√/
- Kumele umazi kangcono umuntu osuke uzimisele ngokumshada. √ UBhekani akazange azinikeze isikhathi sokumazi kabanzi uTholakele, wavele wajaha ukumshada.√/
- Kuhle ukulalela unembeza.√ Ngesinye isikhathi uBhekani wayesola izenzo zikaTholakele kodwa abuye azibe, angawulaleli unembeza wakhe.√

(Nokunye okuyoshiwo umfundi) (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kutholakala kushe izimpahla zikaBhekani kungaziwa ukuthi zishiswe ngubani. √ /
- Umshado kaBhekani awuphumelelanga ngenxa yolaka lukayise.√/
- Ubaba kaBhekani uyawuhlupha umndeni ngamaphupho.√/
- UTholakele uphupha ejahwa ibhubesi. √ (2)

2.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Isiphetho siveza ukuxazululeka kwenkinga ekade ibhekene nomlingiswa omkhulu, okunguBhekani.√/
- Sishiye imibuzo ethile engaphendulekile kubafundi njengokuthi bagcina beshadile yini oLindiwe noBhekani.√/
- Kukhona ingwijikhwebu, uBhekani ugcina engashadanga noTholakele.√/
- Ishiya isifundo esithile kubafundi sokuthi kubalulekile ukulalela nokuhlonipha abazali bakho.√/
- Isiphetho sakhe sigoqa konke obekwenzeka endabeni. Ukungaphumeleli komshado phakathi kukaBhekani noTholakele ngenxa yokuboshwa kukamakoti nabangani bakhe.√ (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**NOMA**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

### ISIQESHANA E

3.1 Uboshelwe ukushaya uMbandlwa√ (1)

3.2 Wayezobe eseyovela enkantolo ngecala ayelenzile.√ (1)

3.3 Wathi ubona kungcono azehlise enkosini√ noma ayeke kwabona ubukhansela lobu.√ (2)

3.4 Babubuhle ngoba babeyithanda inkosi beyihlonipha bethi bangayifela nokuyifela.√√ (2)

3.5 UDlamini uyena owayengumholi wabantu ababengahambisani nekhansela. Ukuboshwa kwakhe kwakuzokwenza ukuthi abantu besabe. √√ (2)

3.6 A√/Ukubuza into esobala.√ (1)

3.7 Ashile! √√/ Kuhle-ke uma eboshiwe.√√ (2)

3.8 Cha. Uma ungumholi okhethwe ngabantu kumele uzehlise ukwazi ukusebenzisana nabantu nazo zonke izinhlaka zobuholi emphakathini.√√ (2)

3.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kukhona ukushayisana phakathi kwezindlela zokuphatha phakathi kweKhansela uDuma kanye nenkosi uShandu.√/
- Sekunoqhekeko phakathi kwabantu bomphakathi.√/
- Sekukhona nodlame, abantu sebelahlekelwe yizimpilo zabo.√/
- Ukubhidlika kwemindeni, uMaShezi wahamba waya kubo washiya uDuma.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

3.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**NGIYAVUMELANA**.

- Kwabambezeleka intuthuko√/
- Kwalahleka imiphefumulo, izingane zasala ziyizintandane.√/
- Kwaqembukelana umphakathi.√/
- Inkosi yavukwa yisifo senhliziyo ngenxa yengcindezi.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

3.11 Imibono iyokwehlukana:

- Ngangiyobaleka ngiye ekhaya ngenxa yokwesaba. √√/
- Ngangiyobikela amaphoyisa. √√/
- Ngangiyokhuluma nenkosi. √√/
- Ngangiyoncenga umyeni wami ukuthi azehlise akhulume nenkosi. √√
- Ngangiyozihlalela nje ngingenzi lutho ngoba uDuma wayenenkani. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA F

3.12 UDlamini wawuhlakaza umhlangano,√ kwagcina sekunokuphambana phakathi kwakhe noMbandlwa kwaphetha ngokuthi uDlamini ashaye uMbandlwa. √ (2)

3.13 3.13.1 C/Usihlalo womhlangano.√
3.13.2 D/Inkosikazi yenduna.√
3.13.3 A/Isikole okwakubanjelwe kuso umhlangano.√
3.13.4 B/Unogada wenkosi. √ (4)

3.14 Ubufakazi bakhe abuzange bube nesisindo.√√/ Icala lahlehliswa.√√ (2)

3.15 OKUBILI kwalokhu:

- Kusemzini wenkosi ntambama ngoMsombuluko. √/
- Kunomhlangano wenkosi, induna kanye namadoda omkhandlu wenkosi.√/
- UMhlangano usendlini eyakhelwa imihlangano yomkhandlu. √
- Nokunye okungamagama akubakaki.√ (2)

3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwaba nomthelela omubi ngoba kwaba khona ukuxabana phakathi kwenkosi nekhansela.√/
- Ubuholi bendabuko abuzange bamukele ubuholi bentando yeningi.√/
- Kwase kukhona abantu ababengasayihloniphi inkosi.√/
- Inkosi yazibona isiphucwe amandla.√/
- Inkosi yayilwesaba uguquko. √ (2)

3.17 Uwulandele ngoba: Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kuvelile ukwethulwa komlingiswa oqavile esingenisweni, okunguDuma√/
- Siyitholile inkinga umlingiswa oqavile abhekene nayo, okungukungemukelwa kwakhe inkosi yendawo, uShandu.√/
- Isingeniso siqoqekile, sibekeke ngamagama ambalwa.√/
- Isizinda siyacaca esingenisweni, okuyindawo yasemakhaya ngesikhathi sanamuhla, isimo senhlalo phakathi kukaDuma nenkosi uShandu. √
- Udweshu phakathi kwekhansela nenkosi luyasuka. √ (3)

**[35]**

**NOMA**

## UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

## ISIQESHANA G

4.1 Yingoba ushonelwe ngumyeni wakhe.√ (1)

4.2 Wakwazi ukwamukela isimo sokushonelwa, wasedlulisa wangalokhu efuna imbangela yokufa komyeni wakhe.√ (1)

4.3 Abasemzini babefuna uThenjiwe angenwe nguDumisani nakuba yena engamthandi. √√ (2)

4.4 Yingoba wayesesemanzini/esazilile esanda kushonelwa ngumyeni wakhe.√√ (2)

4.5 C√ /Kuyaphoxa. √ (1)

4.6 Into abangakwazi ukuyiqeda isizungu nenkumbulo kaSikhumbuzo. √ (1)

4.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Samxabanisa noyise ngoba wayekubona kuyihlazo lokhu.√/
- Abezwananga ngoba kwakuzodingeka abuyisele ilobolo.√/
- Abasemzini bamxakazisa ngoba babengafuni ahambe bethi akavume ukungenwa nguDumisani.√/
- Kwagcina kuboshwe kwaphinde kwafa uSipho kade ethi uzama ukulamulela yena uThenjiwe√/
- Kwagwazwa uDumisani ngenxa yenkinga yakhe uThenjiwe.√/
- Kwagula kakhulu ugogo kaThenjiwe akangashona ngenxa yokuphatheka kabi ngokwenqaba kwakhe ukungenwa uDumisani. √ (2)

4.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UThenjiwe ushonelwe ngumyeni wakhe asanda kushada naye.√/
- Kunokungezwani emndenini wakwaZungu, uThenjiwe akafuni ukungenwa uDumisani.√/
- UThenjiwe akaboni ngaso linye noyise.√/
- UNondumiso uxabana noyise kanye nabakwaZungu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

4.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayeyomxosha ngoba ethi uzokonisa umakoti wakwakhe. √√/
- Wayeyomtshela ukuthi angeke siphumelele isifiso sakhe. √√/
- Kwakuyoba nobutha phakathi kukaMaMbatha noGugu noThenjiwe.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Siyamthola umlingiswa oqavile/omkhulu esingenisweni somdlalo okunguThenjiwe.√/
- Siyayithola inkinga abhekene nayo yokuphoqwa ukuthi avume ukungenwa nguDumisani.√/
- Siyayithola imbangela yezinkinga zomlingiswa omkhulu okungukushonelwa ngumyeni wakhe.√/
- Isingeniso siqoqekile, sibekeke ngamagama ambalwa.√/
- Isizinda siyacaca esingenisweni, okuyindawo yasemakhaya ngesikhathi sanamuhla, isimo phakathi kukaThenjiwe nabasemzini asisihle.√ (3)

4.11 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngangiyobaleka ngiye kude noma ekhaya.√/
- Ngangiyophika ngime ngentaba.√/
- Ngangiyoba namahloni ngimcele angatsheli muntu.√/
- Ngangiyolichitha itiye ngicishe ubufakazi ukuthi ushevu lona engiwufakayo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 uMaMbatha√/ uninazala kaThenjiwe√/ umlingani kaMondise noMaMkhize.√/ unina kaDumisani√/ inkosikazi kaZungu.√ (1)

4.13 OKUKODWA kwalokhu:
- UDumisani ulinyazwe yisoka likaThenjiwe√√/
- Wathi ingane yakhe uDumisani ugwazwe yizigebengu ezihlangene noThenjiwe.√√
- Bamlalela endleleni. √√ (2)

4.14
4.14.1 C√/Unodlame nenkani.√
4.14.2 D√/Wahlangana noThenjiwe endleleni.√
4.14.3 A√/Usekela ilungelo kunesiko.√
4.14.4 B√/Akakwazi ukuzithathela izinqumo.√ (4)

4.15 Uyise wamxosha kubo wathi angaphinde eze ngoba wonisa uThenjiwe.√√ (2)

4.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kubo kaThenjiwe√/,
- Baphumile bami phandle√/,
- Bebona umuntu ozayo ohamba ekhala. √/
- Nokunye okungamagama akubakaki.√ (2)

4.17 OKUKODWA kwalokhu:
Kumchaza njengomuntu:
- Owaziyo amalungelo akhe njengomuntu wesifazane. √√/
- Owamelayo amalungelo akhe. √√/
- Ophumela obala ngento angayithandi, angambuluzi. √√/
- Onenkani. √√
- Onothando lwangempela ngomyeni wakhe nakuba esashona. √√
  Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo ezigabeni zombili.
- UThenjiwe wayeyogcina exabene nomndeni wakwaZungu.√/
- UDumisani wayeyoqhubeka nokuthandana nomama wengane yakhe.√/
- Isifiso sikaThenjiwe sokuthi kuhlonishwe ilungelo lakhe sasiyofezeka. √/
- Wayezoboshelwa icala lokuzama ukubulala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

## *IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)

## UMBUZO 5

5.1 ***Lapho Kukhona Uthando* – NE Mbesa**

**ISIQESHANA I**

5.1.1 OKUKODWA kwalokhu:

- Wathi ujatshuliswa ukuthi uSebenzile usephapheme.√√/
- Wayejatshuliswa ukuthi uSebenzile useyakwazi ukukhuluma.√√ (2)

5.1.2 Waphashanyiswa yizwi elimemezayo.√ (1)

5.1.3 Wayeyohlangana nesoka lakhe.√/ Wayeyobona umndeni ayezoshadela kuwo. √ (1)

5.1.4 Kwamsiza ngokuthi wayemtolikela okwakushiwo ngumshayeli ngoba yena wayengaluzwa ulimi olwalukhulunywa.√√ (2)

5.1.5 B√/Libuhlungu√ (1)

5.1.6 Okukodwa kwalokhu:

- Kungene umama oseqinaqinile nje ulandelwa umhlengikazi ... kanjani?√√/
- Siyabonga ngoba usuphapheme mntanami. √√ (2)

5.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Waketulwa yisikebhe.√/
- Wayengakwazi ukubhukuda.√/
- Walimala.√/
- Kwalahleka zonke izikhwama zakhe.√/
- Kwalahleka amaphepha okuba kule ndawo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Sekukhona ezokuthutha zesimanje. USebenzile wayegibele isitimela, ibhasi nesikebhe.√/
- Abantu besifazane sebekwazi ukuthatha uhambo olude bengaphelezelwa. USebenzile wayeya kwaBulawayo ehamba yedwa.√/
- Sekukhona ukwelapha ngokwaseNtshonalanga. USebenzile wazithola evuka esibhedlela esekhuluma nomhlengikazi.√/
- Sekukhona amahhotela. USebenzile wayezofikela ehhotela. √/
- Sekukhona ukweshelana ngezincwadi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ungazithola usuhlushwa yizinto zokuhamba njengoba kwenzeka kuSebenzile.√/
- Ungazithola ungasakwazi ukuxhumana nabantu ngenxa yokungaluqondi ulimi njengoSebenzile.√/
- Uma uvelelwa yingozi ungazithola ungazi ukuthi uzoluthola kanjani usizo, njengoba nakho futhi lokhu kwenzeka kuSebenzile.√/
- Ungaduka, uhlangane nezigebengu zikuqole. √
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.1.10 Iqiniso.
Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Bakwazi ukuthi bamsize bamnakekele yize babengamazi ngenkathi esevelelwe yingozi.√√/
- UBen wakwazi ukuthi amhlangabeze amnakekele endleleni.√√/
- Bamlungisela izncwadi zokuthi abuyele emuva. √√ (2)

**KANYE**

5.2 ***'UNozimoto'* – NAP Khumalo**

**ISIQESHANA J**

5.2.1 UNtokozo Jiyane√/ uNtokozo√/ uJiyane.√ (1)

5.2.2 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuhamba ekhaya angashiyi muntu√/
- Ukugibela izimoto angazazi.√
- Ukugqoka ithuphisi ebe engekho yena. √ (1)

5.2.3 5.2.3.1 C√/Umngani kaKaMaseko.√
5.2.3.2 D√/Umshayeli wemoto. √
5.2.3.3 A√/Owesifazane onguKaMaseko.√
5.2.3.4 B√/Isigebengu esasisehlathini.√ (4)

5.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Bamiswa amaphoyisa, babaleka.√/
- Amaphoyisa adubula isondo lemoto.√/
- Imoto yagingqika, amaphoyisa ayeseyababopha.√ (2)

5.2.5 UKaMaseko uyathatha uyabeka manje engqondweni.√ (1)

5.2.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Simveza njengomntu:

- Onesikhwele√√/
- Onovalo lokuthathelwa unkosikazi wakhe√√/
- Onothando kakhulu ngonkosikazi wakhe.√√/
- Ongamethembi unkosikazi wakhe. √√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.2.7 Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ubugebengu abubuyiseli.√ Izigebengu ezazizama ukuthumba uKaMaseko zaboshwa.√/
- Uma ungumuntu wesifazane kumele ukwesabe ukuhamba ngezimoto ongazazi.√ UKaMaseko wadlwengulwa ngenxa yokugibela izimoto angazazi.√/
- Kuhle ukulalela uma ukhuzwa.√ UJiyane wayehlale emkhuza umkakhe kodwa engamlaleli.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

5.2.8 Imibono iyokwehlukana.
Umusho OWODWA kwelandelayo:

- Kwakusuka ngaphakathi ngoba uNtokozo wayemthanda umkakhe. √√/

**NOMA**

- Wayenzela laba ababemncenga ngoba wavele waphendula ngegama elilodwa nje kuphela elithi, 'Kuyezwakala', akangenaba ngamazwi.√√ (2)

5.2.9 Izimpendulo ziyokwehluka: OKUKODWA kwalokhu:
Ngiyazwelana naye ngoba:

- Wayengaqondile ukuganga ngohambo lwakhe lwasedolobheni.√√/
- Lesi sehlakalo sasingehlela noma ngubani.√√/
- Wahlukumezeka kakhulu emoyeni.√√/
- UJiyane wayemphilisa impilo yesiboshwa.√√

**NOMA**

Angizwelani naye ngoba:

- Wayekade emkhuza umyeni wakhe ngobungozi bokuvakashela edolobheni ehamba yedwa.√√/
- Wakhombisa ukungamhloniphi uJiyane ngokweqa umyalelo wakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

## UMBUZO 6

6.1 **Ungumzali Onjani? – LMMS Madondo**

6.1.1 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Ukudela igazi lakhe lichitheke ezindabeni.√/
- Sithi sihlezi sithokozile
  Kodwa abesibophel' amanqina enyathi. √/
- Ukulahla izingane zakhe. √. (1)

6.1.2 Kudele umakhasane.√√ (2)

6.1.3 Evikelekile/ephephile√ (1)

6.1.4 Ongasingathi **amachwane** akhe.√ (1)

6.1.5 Ungumzali onjani? √ (1)

6.1.6 **A**hlabane ngaso imizuzwana
**A**sitshinge phezulu √
Imvumelwano siqalo. √ (2)

6.1.7 D/Ukuhlelela omunye umuntu into embi.√ (1)

6.1.8 Lo mzali wayedla asuthe lapho ayehlala khona akhohlwe yizingane zakhe, engazi nokuthi zilele zidleni.√√ (2)

6.1.9 Ukufundisa izingane indlela okumele ziphile futhi ziziphathe ngayo empilweni.√√ (2)

6.1.10 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Izingane zingazithola sezihlukunyezwa ngoba zingenaye umzali ozozivikela.√/
- Zingancishelwa amathuba okufunda.√/
- Ngeke zondleke ngendlela.√/
- Zingagcina sezingene ebugebengwini√/
- Zingagcina sezithengisa imizimba.√/
- Izingane zingagcina sezimzonda. √/
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

6.1.11 Imibono iyokwehlukana
Yiphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ngangiyobika kwabezenhlalakahle.√√/
- Ngangingabikela amaphoyisa.√√/
- Ngangingacela usizo lomndeni.√√/
- Ngangingaya kubaholi bezenkolo. √√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**6.2 UNozidumo – LMMS Madondo**

6.2.1 nkosazana.√ (1)

6.2.2 eMelika √ (1)

6.2.3 Uyididiyele kwaphela izinseka
Zobumame obamumatha izinyanga.√√ (2)

6.2.4 Zobu**m**a**m**e oba**m**u**m**atha izinyanga.√/
A**b**antwana **b**a**b**antu a**b**azoco**b**oshiswa.√ (1)

6.2.5 Imbongi ithi uyiphakile uNozidumo wanamathela kwabakhulu. √√ Ithi uyikhombile engahlehliyo wayiyisa kuNtshebende, yahamba ekamabuyaze.√√ (4)

6.2.6 Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.√√/umugqa wama-27.√√ (2)

6.2.7 Impi/ukuhlasela.√ Inkondlo yonke ikhuluma ngempi kaNozidumo ehlasela uSadamu.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

6.2.8 Okukodwa kwalokhu:
- Baningi abantu ababulawa nguNozidumo ngesihluku√√/
- Baningi abantu ababulawa nguNozidumo ngenxa yenhliziyo embi ayenayo.√√ (2)

6.2.9 Ngiyavumelana. Imigqa efakazela lokhu owama-36 nowama-37:
Babenzeni uma bezicijela imikhonto yabo?√
Kakade igquzelwa ubisi lwayo.√ (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**